ISAZISO SOKUBUYEKEZWA KWENQUBO YEZEMVELO IMOOI-MGENI TRANSFER SCHEME UHLELO LWESI-2

Kukhishwa isaziso ngaphansi koMgomo 4(6) wemigomo eshicilelwe eSazisweni sikaHulumeni R1183 ngaphansi kweSigaba 26 soMthetho Wokulondolozwa Kwemvelo (uMthetho 73 ka-1989) ngenhloso yokwenza lokhu okulandelayo:

UMnyango Wezamanzi Namahlathi [Department of Water Affairs and Forestry (DWAF)] uhlongoza uHlelo Lwesi-2 Lwe-Mooi-Mgeni Transfer Scheme (MMTS-2) ukuze wandise izidingo zamanzi ezikhulayo zoHlelo LoMngeni. I-MMTS-2 izohlanganisa:

- IDamu iSpring Grove nesiteshi;
- Isiteshi sakwa-Eskom esiseSpring Grove;
- Iphayiphi lokudlulisa amanzi elisuka eDanyini iSpring Grove liya eMfuleni iMpofana;
- Amadamu amabili okulinganisa akhiwe emfuleni: elilodwa eMfuleni iMooi nelilodwa eMfuleni iMpofana;
- Ithange lomfutho eGowrie;
- Idamu elakhiwe elivimba izinhlanzi emhosheni weMpophoma i-Inchbrakie eMfuleni iMooi;
- Ukuqondiswa kabusha komgwaqo ongena eVaalekop South Smallholdings nasendaweni yeRiverholm;
- Ukuvikelwa kosebe oluvalele uMgwaqo iNottingham (oya eLoteni);
- Ukususwa kwezinsizakalo ezinjengolayini bakagesi, abocingo ziyiswe kwenye indawo nokuhlukaniswa kwamanzi nesimiso sokukhuculula indle;
- Ukuvuselelwa kabusha ngaphandle kwamaxhaphozi asecekeleke phansi emifuleni iMooi, iLittle Mooi noMngeni;
- Ukubekwa kwendawo nenkambu yokuqondisa ukwakha okuhlanganisa ihhovisi (site office), indawo yokupaka, indawo yesikhashana yokugcina uwoyela, neyokugcina imishini nezinto;
- Indlela yokungena esuka eMichaelhouse iya eBalgowan;
- Indawo okungatholakala kuyo inkwali.

Le ndawo yedamu ehlongozwayo izoba sendaweni engamakhilomitha amabili eningizimu yeRosetta Village egudle uMfula iMooi River endaweni ngokuvamile eyaziwa ngePulazi LaseSpringvale naseRosetta. IRosetta iphakathi kwedolobha laseMgwaqeni iNottingham noMfula iMooi KwaZulu-Natal eMidlands. Indawo okuzoqoqelwa kuyo amanzi, ezolinganiselwa kumakhilomitha-skwele angu-10.3 uma igcwele, izosuka odongeni lwedamu elihlongozwayo eduze neRosetta iye ngale kweMpophoma i-Inchbrakie, ezovaleka uma leli damu selakhiwe. Iphayiphi lokudlulisa amanzi elihlongozwayo elisuka eDanyini iSpring Grove liye eMfuleni iMpofana lizonqamula ixhaphozi, ezinye izindawo zamasimu aseRosetta, i-R103 nojantshi ngaphambi kokuba lihambisane nephayiphi leMearns elikhona elingu-25m. EGowrie, iphayiphi lizonqamula umgwaqo ongenayo oya ku-N3. Amanzi adluliswayo azophumela eMfuleni iMpofana elinganiselwa kumakhilomitha angu-1.2km enyakatho yeBalgowan.

Amapulazi angase athinteke kulolu hlelo i-MMTS-2 ahlanganisa iVAALEKOP 3297, iSPRINGGROVE 2169, iRIVERHOLM 15967, i-INCHBRAKIE 14850, iBEND 14880, iSTOCKTON 14870, i-AVON 10487, i-EBERNBURG 2210, iROSETTA 2983, iSPRINGVALE 2170, iGOWRIE 1930, iWELLINGTON 2212, iWATERFORD 15946, neWILDE ALS SPRUIT 1085.

Uhlwaya lwamatshe oluzosetshenziswa ekwakhiweni kwedamu lungambiwa endaweni okuzotholakala kuyo inkwali ekulezi zindawo, iWELLINGTON 2212 (u-80% wenkwali) neSPRINGVALE 2170 (u-20% wenkwali). Indawo yenkwali iphezu kwentaba empumalanga yesiteshi sesitimela saseRosetta. I-DWAF ayibophekile ukufaka isicelo sokumba inkwali ukuze kwakhiwe ingqalasizinda kahulumeni ngokwesigaba 106 (2) soMthetho Wokuthuthukiswa Kwezokumbiwa Phansi, ka-2002 (uMthetho 28 ka-2002) ne-GNR 26501. Nokho, i-DWAF iye yayalwa ukuba ihlanganise uMbiko Wohlelo Lokulawulwa Kwemvelo [Environmental Management Plan Report (EMPR)] ozokwakha ingxenye yombiko we-EIA walo msebenzi. I-EMPR izobonisa uMnyango Wezolimo Nezemvelo waKwaZulu-Natal kanye/noma uMnyango Wezemvelo Nezokuvakasha ithonya lezemvelo lenkwali, futhi ikhombise kuMnyango Wezokumbiwa Phansi Namandla ukulawulwa kwezemvelo kwenkwali, kuhlanganise nokuvuselelwa kwenkwali ekupheleni kokwakhiwa.

ICymbian Enviro-Social Consulting Services iye yamiswa yi-BKS (Pty) Ltd, umxhumanisi wezemvelo ozimele, ukuba ilawule iNqubo Yokuhileleka Kwabathintekayo. Le nqubo ihlanganisa ukuxoxisana nalabo abahilelekile noma abanesithakazelo kulo msebenzi. Injongo yalesi saziso ukwazisa bonke abangase babe Nesithakazelo Nabathintekayo (I&AP) ngethuba elizovuleka lokuphakamisa izinkinga nokukhathazeka mayelana nale misebenzi ebalwe ngenhla. Labo abafuna ukubhalisa ngokusemthethweni njengama-I&AP ukuze baveze imibono yabo ngalokhu okuhlongozwayo banxuswa ukuba balethe imininingwane yokuxhumana nabo egcwele zingapheli izinsuku ezingu-30 sikhishiwe lesi saziso. Ama-I&AP ayonikezwa zonke izincwadi zesikhathi esizayo, futhi aziswe ngamanye amathuba okuhlanganyela kule nqubo. Imininingwane yoMxhumanisi Womphakathi yile:

CYMBIAN
ENVIRO-SOCIAL CONSULTING SERVICES
PTY (LTD) 2006/022502/07

Cymbian Enviro-Social Consulting Services
Imininingwane Yokuxhumana: Paula Tolksdorff
PO BOX 1676, CRESTA, 2118
Ucingo: (011) 678 6680; Isikhahlamezi: 086 659 7270;
I-imeyili: info@cymbian.co.za

BKS